Federation of South African Trade Unions
2 Goodhope Street
Bellville South
Cape 7530

Printed by New Era Press

October 1981

FOSATU WORKER NEWS

OKUNGAPHAKATHI:

ABASEBENZI E–LEYLAND BASAQINILE – EKHASINI 3

INYUNYANA KA VW IQHUBEKELA PHAMBILI

UMHLANGANO WE - AGM KA MAWU – EKHASINI 4

# UKWESABA NGEZIMPETSHENI

UMTHETHO sivivinywa omusha ka Hulumeni omayelana nempesheni usuvuse izikhalo okudala babakhona mayelana nokufaka imali ezikhwameni zempesheni futhi esezadonsela ekubeni kuqubuke eziningi iziteleka neseziseduze ukuqubuka e Mpumalanga Kapa kanye nase Natal.

Ukuhlangabeza inkinga, abasebenzi bakwa Sappi, nabakwa Huletts kanye nakuma Council ama Shop Steward eNtalasifali sebebhale phansi kaningi ngalezidingo bafuna lezidingo:

* Ulwazi olugcwele ngwa abasebenzi mayelana nokugcinwa kwezimali zempesheni nokuphathwa kwazo.
* Ukumelelwa okulinganayo emkhandlwini wabaphathi bemali yempesheni.
* Abasebenzi (Phansi kwanoma yisiphi isimo) kumele babe nelungelo lokuthola okufakwa ngumQashi esikhwameni sempesheni.

Udaba lwempesheni lwaqutshulwa yisinqumo sika Hulumeni sokuba "Alondoloze" abasebenzi izimali zempesheni.

Phambilini, iningi labasebenzi lalingase liyikhiphe imali yalo esikhwameni sempesheni uma labo basebenzi sebewuyeka umsebenzi. Ngaphansi komthetho omusha akukho mali eyokhishwa esikhwamen sempesheni ngemva kokuba umthetho omusha ususebenza ngaphandle kokuba kutholakele imvumo ethile ku Hulumeni.

Umphumela waloku ke kube ngukuthi iningi labasebenzi linqume ukuthi likhokhelwe manje imali yalo esisesikhwameni sempesheni.

Kwa Sappi, abasebenzi abebetelekile babengagculisiwe nje ngumthetho omusha kuphela. Babengagculisekile yindlela izimpesheni ebezisebenza nagayo esikhathini esedlule.

Phakathi kwezikhalo abaziveza kubaQashi kwaba ngukuthi:

* Babengatshelwa mayelana nokujoyina isikhwama sempesheni nanokuthi imali yempesheni iyobajwa nini.
* Babengazi nokuthi imali yabo yenzenjani nanokuthi ilondolozwe kanjani.
* Kwakumele bayisebenzele iminyaka eyishumi inkampani ngaphambi kokubalungelo lwemali efakwa ngumQashi esikhwameni sempesheni.
* Uma bethola imali yempesheni enkampanini, balahlekelwa yilungelo lokuthola eka Hulumeni.
* Uma impeshini izokwenganelwa ngu Hulumeni, bayothola ubunzima obufanayo nalobo ababuthola ekufuneni imali yempesheni yoMbuso noma imali yabalahlekwelwe ngumsebenzi (UIF).

Ngokusho kuka Dusty Ngwane, uNobhala we Transvaal Regional Educational Committee, ezifanayo izikhalo ezimayelana nezimpesheni zavezwa ngaba sebenzi kuma Seminar ka FOSATU amuva nje e Ntalasifali.

' "Kuyacaca ngokusobala ukuthi abasebenzi abagculisekile ngenxa yokuthi kabanazwi ngendlela izikhwama ezisebenza ngayo, nangale nje komthetho omusha," wakusho loku kwi FOSATU Worker News.

Njengesixazululo sesikhashana abasebenzi ezingxenyeni ezithile e Kapa kanye nase Natal bavunyelwa ukwesula emisebenzini yabo, bathola izimali zabo zempesheni bese babuye baqashwe ngaphandle kokulahlekelwa ngamalungelo eminyaka yabo yesevisi.

Ezinye izinkampani ezinjengo Sappi zavuma ukucela imvume ku Hulumeni emthethweni omusha kodwa ke ngisho noma loku kungase kwenzeke, abasebenzi kuyomele baphonse esikhwameni sempesheni izikhalo ezindala ziyobe zilokhu zikhona kwabe kungukuvimbela loku okwenza ukuba kubhacwe uhlalwalezizidingo..

Lezizidingo kuyoxoxwa ngazo kwi FOSATU Central Committee eyoba sekupheleni kuka October ukuze iziNyunyana zika FOSATU zithathe isinyathelo esifanayo



Izinkinga zampesheni muva nje kwa—Huletts e—Mt. Edgecombe

### PENSION BILL IHLEHLISIWE

Umthetho omusha we pentsheni uzohlehliswa iminyaka emithathu mayelana nesimemezelo esedlule yi Regsitrar of Pensions. Kodwa okubalulekile ngokubusa ngaphezu kwepentsheni kuzekubemanje akukaphethwa futhi izoxoxwa ngo October kumhlangano we Central Committee.

# Inyunyana ethuthukayo isiphezulu

**UMHLANGANO ohlanganisa cishe zonke iziNyunyana zabasebenzi ezithuthukayo e Ningizimu Afrika waba impumelelo ebalulekile obumbanweni lwabasebenzi.**

U FOSATU kanye iziNyunyana zahlangana ngo August 8 e Capt Town ukuze zithathe isimo esisodwa nesifanayo mayelana nomthetho ohlongozwayo ophathelene nezobudlelwane kwezemisebenzi.

Estatimendeni esenziwa sahlanganyelwa esakhishwa ngemuva komhlangano, lapho iziNyunyana zaziwuhlaba khona lomthetho.

* Ukuzigaxa kuka Hulumeni ezindabeni zezinhlangano zabasebenzi, kanye
* Nenqubo yama Industrial Council ekhona manje.

LeziNyunyana zaphakamisa ukuthi:

* Zithumele ama delegate kuNgqongqoshe wase Ciskei u Lennox Sebe ukuyohlaba isimo sakhe sokuphikisana nezinhlangano zabasebenzi, kanye nokuba
* Kwakhiwe amakhomidi obumbano kwisifunda ngasinye azobhunga futhi aqalise ubumbano kanye lokubambisana.

Kuzozonke iziNyunyana zabasebenzi ezakhombisa umdlandla ngobumbano lwabasebenzi umhlangano waba luphawu olukhuthaza kakhulu.

Ezinyangeni eziyishumi nesishiyagalombili ezedlule kwabo noqhekeko olukhulu ezinhlanganweni zomzabalazo wabasebenzi. Loku kwadala ukuthi ezinye iziNyunyana zichithe isikhathi sazo esiningi ziqhubukushana nezinye izinhlangano zabasebenzi esikhundleni sokuba zicindezele abaQashi ngezidingo zazo.

Isiphakamiso isiNyunyana kumele zizame ukwakha nokumisa amakomidi obumbano ukuthuthukisa ubumbano lweqiniso ezifundeni ezehlukene saba ngesamukeleka ngesasa elikhulu.

Kusukela ekubunjweni kwakhe u FOSATU usaloku egcizelela kokubambisana phakathi kwabasebenzi ezimpandeni zefekthri.

Izititimende ezikhombisa ukuphikisana nomthetho ka Hulumeni zibalulekile ekwakheni ubumbano lwabasenzi ekubhekaneni nabaqashi kanye no Hulumeni.

Kodwa ngaphandle kokubambisana kwe qiniso kubaholi babasebenzi ezindaweni ezahlukene, ubumbano kungasho ukuthi lwakhiwe esihlabathini nje asiqinile.

Ekugcineni ke, ubumbano lweqiniso phakathi kwabasebenzi alusoze lwakhiwa kubantu abalaphaya phezulu, ubumbano lweqiniso kumele lwakhiwe ezimpandeni phansi emzabalazweni wabasebenzi.

